

# UHENRY INKALANKALA EHLALA EGOBOLODWENI, UYA KOZINGELA




uHenry usekhulile akasakwazi ukunyakaza egobolondweni. Kumele ahambe abheke elinye ikhaya ilisha. Uyagijima, uyabheka kodwa uthola kungekho lutho osebeni.



Nali igobolondo elingangisiza. Elomnenke omuhle obomvana. Uyanyakanyakaza uyazishutheka, kodwa lincane kakhulu futhi alimulingani.


"Awu"

Njengoba ephuma nje, ubona umnenkana ngamehlo akhe uyazama ukuzimpintsha ngamandla akhe wonke, kodwa leligobolondo lincane futhi alimsizi.



Lalihle leligobolondo linomsindo wasolwandle. Mhlampe lizongilungela? Wadonsa umoya wazimpintsha kulo. Kodwa amazenga akuleli gobolondo avele amthusa kakhulu.





uAlas umvakashi wawathatha wonke amagobolondo. Esikhundleni sawo kwasala iphunga elisha.
Lapho kade kukhona amagobolondo, kusale sekukhona okunye okuthize okusha.
Ibhodlela elihle mmm indlu ebonakalisayo.






Watshikitshikiza wazimpintsha kodwa waphuma ephatheke kabi.

uHenry wabheka kuwo wonke udoti kodwa isimo sesisibi kakhulu manje.



Ngokushesha iphupho lakhe lafezeka.
Kwakukhona igobolondo lomnenke elihle.
Elizomlingana futhi elimgculisayo.
Kwaphela kanjaloke ukuzingela kwakhe igobolondo njengoba esethole ikhaya elivikelekile.





"Ikhaya elihle."

Kungakuhle uma abantu benganakekela.
Kungani bethatha konke okusolwandle bashiye kungekho lutho?
Awasekho amagobolondo kusele amapulasitiki wodwa. iKuphi lapho izinkalankala ezinamagobolondo zizothola khona imibhede emisha?





# Okuhlanu okuhlekisayo ongakufunda ngezinkalankala ezihlala kumagobolondo.

Izinkalankala ezihlala kumagobolondo zisemndenini wezinkalankala ngoba zinamalunga ahlangene nemizimba ehlukene sakugibelana. Zihlobene nazozonke izinhlobo zezinkalankala nezikhuphasha.



Izinkalankala ezihlala kumagobolondo zidla noma yini eziyitholayo, okuyizitshalo nezilwane abazithola olwandle.





Lezinkalankala zisebenzisa amagobolondo eminenke eseyafa ukuze zivikele isingenzansi somzimba yazo ethambile.

Njengoba Lezinkalankala zikhula, zibankulu kunalama gobolondo bese kudingeke ukuthi zibheke amakhaya amasha.

Uma behamba, bahamba nalo igobolondo ngoba izinyawo zabo zokugcina zibambelela ngaphakathi egobolondweni.







# IMIBUZO

## A

1. Kungani izinkalankala ezihlala egobolodweni kumele zibheke indlu entsha?
2. Zihlalaphi izinkalankala ezinegobolondo?
3. Ubani oshiya amapulasitiki kanye namabhodlela olwandle?
4. Mangaki amagobolondo uHenry awazamile ngaphambi kokuba athole ekuyilonalona elifanele?
5. Yini okumelwe uyenze ngamapulasitiki akho uma usuhamba olwandle?

## B Qhathanisa lamagama nencazelo efanelekileyo:

| | |
|---|---|
| Abadla noma yini | isilwane esinemilenze ehlangene |
| Abanezinyawo ezihlangene | isilwane esinomgogodla |
| Abangenawo umgogodla | isilwane esingenawo umgogodla |
| Abanomgogodla | isilwane esidla izitshalo nezilwane ezifile |

## C

1. UHenry unabangani abathathu osebeni, emunye unemilenze ayishumi, mingaki imilenze isiyonke?
2. Uma uHenry ezama amagobolondo amabili ngoMsombuluko, aphinde azame amathathu ngoLwesibili, mangaki amagobolondo awazamile esewonke?
3. UHenry nabangani bakhe abane bacinga ematsheni, bese ingwane enkulu ilidle abangani baHenry ababili. Usele nabangani abangaki uHenry?

Written by Lyn Britz, Judy Mann
Translated by Kwanda Mchunu

Designed by Colette Bodenstaff

